



INGEDE

September 2019, Volume 22, Number 3

NIKEZA UMOBA WAKHO IMISOCO EYANELE




Ibhawwe nguWinile Shelembe (umxhumanisi wabalimi kwa-SASRI)

Ukukhiqiza umoba kuyibhizinisi, okusho ukuthi umlimi kumele afake imali ukuze ibhizinisi liqhubeke, ngalokhu umlimi uyakwazi ukuthi athenge izinsiza kusebenza epulazini liqhubeke limkhiqizele athole isivuno esihle esizomakhela inzuko. Enye yezinti eziholela ekutholeni isivuno esihle nokuthi umoba ukhiqize iminyaka eminingi ngaphambi kokuba utshalwe kabusha; ukuwunikeza imisoco eyanele nefanele. Abalimi babhekana nenselelo yemali uma kumele bathenge umanyolo nezinye izinsiza kusebenza.

Umlimi kumele azi ukuthi umoba wakhe udinga umsoco ohloboluni nongakananani. Ukuze akwazi lokhu, kudingeka athole izincomo zabakwa-FAS. Lezi zincomo zibuya nohlobu lukamanyolo umlimi azolusebenzisa namasaka azowadinga ngokweHheka. Ukuthola izincomo kusiza ekutheni umlimi angafaki umanyolo omningi noma ongaphansi kokudingwa umoba wakhe. Uma eqagela okudingwa umoba angalahlekwa imali aphinde athole nesivuno esingaphansi kwesilindelekile.

Ngaphambi kokuba utshale faka umanyolo kumalayini (umanyolo wokutshala), bese ufaka isikhuthaza-khaba ngaphezelu kwamalayini omoba ungakeqi izinyanga ezintathu umilile. Uma kuyihlumela nakhona kumele ufake isikhuthaza-khaba, ngokulawulwa isimo sokuhula komoba nenkathi yonyaka.



Uma sezibusiyile izincomo kwa-FAS umlimi kumele aqikelele ukuthi uthenga uhlobo lukamanyolo oluzonikeza umoba wakhe imisoco oyidingayo. Ukusebenzisa umanyolo okungewona kufana nokulahla imali. Kumele uqikelele ukuthi ufaka isikali sikamanyolo esanele, isib. uma izincomo zithi umlimi akafake amasaka ayisithupha ngeHheka, kumele enze kanjalo, angafaki eqile noma angaphansi ngoba lokho kuzomlahlekisa ngesivuno nenzuzzo.

Zintathu izindlela ezinconyiwe zokufaka umanyolo umlimi angazisebenzisa:-

EYOKUQALA ISIGUBHU ESIBELETHWAYO.



EYESITHATHU ISIGUBHU ESIDONSWA UGANDAGANDA.



Umlimi ukhetha indlela angayisebenzisa ngokubuka isimo sensimu, ubukhulu bayo nesimo sezomnotho. Umanyolo udinga ukufakwa ngesikhathi kunomswakamo noma uma umhlabathi umanzi kancane ukuze ukwazi ukuncibiliqa ungena emhlabathini bese izimpande zesitshalo zikwazi ukwumunca. Isitshalo sona sidinga ukushisa ukuze sikhazi ukusebenzisa imisoco emuncwe izimpande

Okubalulekile/Qaphela - faka umanyolo ngesikhathi kushisa futhi kunomswakamo. Umlimi angafaki umanyolo ngesikhathi sasebusika noma ngabe umswakamo ukhona ngoba kusuke kubanda.

Kubalulekile ukuthi abalimi bakhumbule ukuthi umanyolo awuqgugquzeli ukukhula kwesitshalo kuphela kodwa nokhula luyadlondlobala uma luthola isikhuthazi/ umanyolo, ngakho-ke kumele abalimi baqikelele ukuthi ngaphambi kokufaka umanyolo balawule ukhula.

EYESIBILI ITHINI/IKOPI NENTAMBO.



OKUQUKETHWE



Ubuhle bomoba:

Ubuhle bomoba buqala ensimini



Ukuzinikela kwentsha yomphilandawonye waseMfume:



Izifundo zabalimi:

Ukubambisana kuzala impumelelo

UBUHLE BOMOBA

Ibhalwe nguRowan Stranack

Noma ngabe ukukhokhelwa ngesilinganiso se-RV kubajeza abalimi uma umoba oye esigayweni unamakhafilithi nokungasiwo ushukela, kumele kungakhohlwa ukuthi amaphesenti e-RV angama-90 kuyaphezulu kusuke kuwujusi womoba. Ngakho-ke abalimi kumele baqikelele ukuthi ujusi emobeni wabo uphezulu.

Ukunyuka kwesivuno nobuhle bomoba kuqala ensimini. Umoba udinga ukukhuliswa ngendlela efanele, lokhu kulele kwizinga lokunakwa nokuphathwa kwalokhu okulandelayo:

- Ubuhle bomhlabathi
- Uhlobo lomoba
- Imbewu yomoba ese qophelweni eliphezulu
- Ukulungiswa komhlabathi
- Ukulawulwa kokhula
- Ukufakwa kuka manyolo owanele
- Ukulawulwa kwezifo nezinambuzane

Uma umlimi elungiselela ukuhlahla, kumele alandele lemigomo elandelayo.

1. Umoba kumele ube usukhule ngokwanele ngaphambi kokuba uhlahlwe, okusho ukuthi umoba kumele uhlahlwe ngesikhathi esifanele futhi usunezinyanga ezanele ngokohlobo lomoba. Ukufaka izivuthwisi okunye okubalulekile umlimi angakwenza, i- **PurEst®** okungubuchwe pheshe obasungulwe kwa-SASRI bungamulekelela umlimi kulokhu. I-**PurEst®** ayigcini kuphela ukusiza umlimi ekutheni angasifaka yini isivuthiswa kodwa iyakwazi ukuhlola ubudala bamasimu ukuze umlimi azi ukuthi imaphi amasimu okumele ahlahlwe kuqala.

2. Abalimi kumele baqikelele ukuthi umoba awungcolile, okusho ukuthi kumele amakhasi omile omoba, izimpande nenhlabathi kube kuncane noma kungabi bikho. Ukugawulela maqondana nenhlabathi umoba oya esigayweni kubalulekile ngoba ushukela omningi umaphansi nogoqo lomoba.

3. Umoba kumele kube ukuthi awubambezeleki uma usushisiwe/usugawuliwe. Uma umoba usuhlale izinsuku ezingaphezu kwezintathu

ushisiwe uyaqala uwohloke ulahlekelwe ubushukela ngakho-ke shisa umoba olingene usuku noma kuya kwezimbili, usheshe uwuyise esigayweni.

Landelalemigomo emithathuyomoba okhule ngokwanele, omuhle futhi ongawohlokile uma uhlahlha ukuze inzozo oyitholayo inyuke futhi ungalahlekelwa imali ngenxa yokujezisa.



Ukuzinikela kwentsha yomphilandawonye waseMfume

Ibhalewe nguWinile Shelembe (umxhumanisi wabalimi)

Njengoba sazi amathuba emisebenzi eNingizimu Afrika ayehla unyaka nonyaka, ikakhulukazi kwintsha. Iningi lentsha liziqalela amabhizini amancane ukuze ayingenisele imali, abanye bangena kumkhakha wezolimo ukuze bakhiqhize badayise bese bethola amasentshana okuthi impilo iqhubeka. Isibonelo sentsha esemkhakhene wezolimo ekukhiqizeni umoba, intsha yomphilandawonye wase Mfume.

Imfume farmers' co-operative yaqala ngo1994 iqualwa amalunga endawo ayisithupha ayebizwa ngeMFUME BIG SIX elima umoba kumahheka angaphansi kwamashumi amahlanu (50). Amalunga alomphilandawonye abona ukuthi kunemihlaba eminingi engasetshenziswa endaweni abangakhqiza kuyo umoba baziphilise. Isizathu esibalulekile kunazo zonke esenza i-Big six iqale lomphilanadawonye, ukwakha amathuba emisebenzi yenzela abantu basendaweni kanye nentsha. Ngo 1996 owayeyilunga lentsha ngalowonyaka, Umnu. Thamisanqa Khwela wazimbandakanya ne-Big six, (namuhlanje usengus'hlalo walomphilandawonye) nesibalo sentsha ezimbandakanyayo siyanya unyaka nonyaka. Lomphila ndawonye wathola uxhaso kuMnyango weZolimo neZokuthuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ukunyusa amahheka omoba.

Isibalo sabalimi asebengaphansi kwalomphilandawonye bayi-150, okubalwa kubo nentsha. Lomphilandawonye utshale umoba, kumahheka angama-350, amahheka

emifino nezithelo ayishumi (10). Intsha ezinikele kulomphilandawonye ingama-25; engama-20 ibhekelela ukulima imifino nezithelo bese enye ilima umoba. Usihlalo wentsha uMnu. Thanduxolo Msomi oneminyaka engamashumi amabili nantathu (23), uyazinikela emsebenzini wakhe njengosihlalo wentsha, uyaqikelela ukuthi uzimbandakanya neMnyango eyahlukahlukene yezolimo ukuthola uqequesho kanti ngo-October kulonyaka uzokwenza i-Junior Certificate Course kwa-SASRI.

Umoba iwona mkhiqhizo omkhulu walomphilandawonye, amathani athunyelwa esigayweni ngonyaka ayizi-12 000. Imfihi yokuphumelela kwalomphilandawonye ukuthi abalimi bawo bayakuthanda ukulima, bayazibambela umsebenzi ababheki osonkontileka futhi bazimbandakanya noqequesho. Njengawonke amabhizini zikhona izinqinamba ababhekana nazo ukungukungabibiko kwengqalasizinda kanye izimali ezanele zokuthenga izinsiza kusebenza kodwa abapheli moyo ngoba inzuso abayenza ngokulima iyabaphilsa.

Umyalezo intsha yaseMfume efisa ukuwdlilisela kwenye intsha:

- Ukulima kungumgogodla wesizwe sase Ningizimu Afrika, okungukuthi uma intsha ingabamba iqhaza elikhulu ekulimeni umnotho wase Ningizimu Afrika ungasimama kakhulu

- Ukuze intsha yezwe ikwazi ukuliswana nokushoda kwamathuba emisebenzi, kumele isebezise umhlabathi ukuze ibe ngosomabhizinisi abakhulu abangakwazi ukudala amanye amathuba emisbenzi.
- Ukuzinikela entweni oyenzayo kuyakufikisa eohuphweni ofisa ukulifeza, ngakho-ke abantu abasha abangazibambezeli ngezinto ezingabayisi phambili.



Amalunga omphilandawonye wentsha yaseMfume uMnu. Tham'sanqa Khwela (okwesunkxele) noMnu. Thanduxolo Msomi

Ukubambisana kuzala impumelelo

Ibhalewe nguWinile Shelembe

Abeluleki bomnyango weZolimo (DARD) ngokubambisana nabakwa-SASRI, abasemshini eyahlukene abakwa-SAFDA kanye nabakwa-SA CaneGrowers bahambele izifundamshini ezahlukene bethula izifundo kubalimi. Lezi zifundo ziba minyaka yonke, njalo ngo Ncwaba (August), lapho khona abeluleki befundisa ngezihloko ezahlukene ngokukhiqizwa komoba kulonyaka lezi zifundo bezi ngoku KHIQIZWA KWEMBEWU YOMOBA KANYE NOKULIMA NGOKUDIDIYELWE.

Izhloko ezithintiwe ekukhiqizweni kwembewu:

- Iyini imbewu yomoba kanye nobuhle nenhoso yayo
- Isakhiwo sezokubhekelelwab kobuhle bembewu

- Imigomo ebekwe Ithimba Lezifo nezinambuzane (P&D)
- Izinhlobo zembewu kanye nezindawo ongathola kuzo imbewu
- Izimo ezikulawula ekukhetheni uhlobo lwembewu

Okubalulekile abalimi okumele bakukhumbule ukuthi:

- Kumele basebenzise imbewu egunyazwe iThimba Lezifo nezinambuzane, okusho ukuthi kumele baxhumane nowethimba lezifo neZinambuzane noma nomeluleki uma befuna imbewu.
- Ukuqolohla imbewu ehloliwe yaphasiswa iThimba Lezifo neZinambuzane, kuyasiza ngoba ayinazo izifo nezinambuzane, ihluma kangcono kanti nesivuno siba sihle futhi Ibanamahlumela amanangi.



Fairview



Ekupholeni Hall



Obanjeni hall



Emthwalume Kwaqoloqolo

Amasu asemqoka

Ibhalwe abeluleki bakwa-SASRI

Abalimi kumele baqikelela ukuthi lemisebenzi elandelayo bayenza ngesikhathi okuyiso nangendlela okuyiyo emobeni ukuze bathole inzuzo ekugcineni.

NgoMandulo (September)



■ Sebenzisa izibulalakhula zesikhathi eside ngoba umoba wakho usuke ungakakhuli kakhulu futhi ungakambozi. Ngokufutha lolu hlobo lвесibulalakhula uzobe ulekelela umoba wakho ngoba ukhula luncintisana nawo ngendawo, imisoco, amanzi kanye nangelanga. Izigubhu nezingubo ezivikelayo ebeziggokiwe ngenkathi kufuthwa izibulalakhula kumele zihlanzwe kahle ukuze zizoba sesimweni sokusebenza ngokuzayo uma kudingeka uzisebenzise.

■ Kumele engabe le nyanga ifike usuqlile ukufaka isikhuthazi emobeni wakho ngoba ukufudumala kobe sekukhona. Ukuftika kwezimvula kule nyanga kusho ukuthi kufanele uhlelo lwakho lokufaka isikhuthazi luyaqhube kaikakhlukazi kulezi zindawo ezsogwini. Isikhuthazi akumele sifakte noma yikanjani kodwa umlimi kumele aqikelele ukuthi ulandela izincomo zokufaka isikhuthazi azithole kwa-SASRI (FAS) ukuqinisekisa ukuthi isitshalo sithola imisoco esiyidengayo.

■ Abalimi kumele baqikele ukuthi uma bezotshala basebenzia imbewu ehlohiwe. Kulawo masimu angamahlumela wonke amavolontiya kumele asuswe ensimini. Uma izimvula seziqalile, qala ukutshala kwakho kwasentwasa-hlobo. Lokhu kuqinisekisa ukuthi isitshalo sakho sikuthola konke ukufudumala nezimvula zasehlobo ngaleyondlela siyokhula kahle sikulethele nenuzzo.

NgoMfumfu (October)



- Hlola ukuthi isihlava sikhona yini emasimini akho azodluliselwa kwinkathi ezayo.
- Amasimu abefuthwe ngenyanga ephelile kumele ahlolwe ukuze ubone uma isibulalakhula sakho singalubulalanga lonke ukhula. Ukuze ungamoshi imali nesibulalakhula futha ukhethe amabala.
- Ezindaweni ezimaphakathi nesifundazwe (Midlands), qikelela ukuthi ubheka ukhula olungaba khona emobeni odluliselwe kwinkathi yokuhlahla elandelayo ulwe nalo lolo khula.

NgoLwezi (November)



■ Imingcele yamasimu namabhande omlilo kumele ahiale ehlanzekile esikiwe ukuze angaphenduki izidleke zezifo nezinambuzane.

■ Bhekisiza amasimu atshalwe uhlobo lomoba oluvamise ukuhlaselwa umabalabala (mosaic). Khiphia izisinde/xhanti ezhilaselwe isiwumba (smut). Khumbula ukuthi akutshalwa phakathi kuka Lwezi (November) no Nhlolanja (February) ngenhlosi yokugwema isifo umabalabala kulezo zindawo esiyinkinga kakhulu khona.

NgoZibandlela (December)



- Ungakhohlwa ukuthatha amasampula amaqbunga ehlobo ukuze uhlole ukuthi uhlelo lwakho lokufaka isikhuthazi luhambe kanjani.
- Qinisekisa ukuthi konke okumele kwenzive emasimini njengokulwa nokhula sekupotholiwe ngaphambi kokufika kwesikhathi sekhefu.

ISIXWAYISO: INHLOSO YENKULISAMBEWU (FARM NURSERY)

Inhloso yenkulisambewu ukuthi umlimi azikhqizele imbewu eguyanziwe/eqinisekisiwe epulazini lakhe okuzomnciphisa izindleko. Imbewu egunyaziwe/eqinisekisiwe igawulwa kibili (itshalo nehlumela lokuqala: *Ingede yango May 2019*). Uma kunesimo esiphuthumayo okungaba isomiso, umlimo noma ingekho imbewu eyanele, insimu yembewu egunyaziwe/eqinisekisiwe ingagawulwa okwesithathu kodwa kumele iphasiswe ithimba lezifo nezinambuzane.



ABADIDIYELI

Sifiso Hlela, Thulani Masondo, Winile Shelembe, Musa Khumalo (DARD), & Wayne Mthembu (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

Imibono nemibozo: Winile Shelembe: 031 508 7511 Email: Winile.Shelembe@sugar.org.za

Amalungelo okuqopho aqukethwe kulo mbhalo. Ayiko ingxene yalo msebenzi engaphinda yenzive nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenzive yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelw kulo msebenzi, isiKhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqukethwe lapha. Ukuqetshenizwa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzelwa ukuthi zisetshenizwe.